Ilanga lase Natal.

Igez'elincokazi, elipuza yonke imilambo nemicacazo. Linababhaleli zonke izigojana: Nampa abatengisi betu elitolakala kubo. Olifuna ngeposi atumele lap'Ohlange, Phoenix.

Durban Native Market, F. M. Cele.
" 113 Field Street, KwaNgiobamakos.
" 124 " " KwaGulakuseni.
" Prince Alf. Str., C. Gumede.
" Native Location, ...
" Point, Bell Str., J. Mcanyana.
Verulam, Thomas V. Ntanzi.
Stanger, S. S. Ndhlovu.
Sipo Bulose, Mapumulo.
Hill Cresf, Elijah Nxumalo.
Pietermaritzburg, A. J. Sililo.
Ixopo, Paulos Cenco.
Vryheid, B. E. Mhlongo.
Greytown, E. M. Zuma.
Dundee, J. Ngubane.
Ladysmith, S. H. Maduna.
Newcastle, E. ka J. Kuboni.
Witbank, Ezra Koza.
Emtulwa, Mt. Elias, M. B. Mazamane.
Standerton, Isaiah Tshabalala
Volksrust, S. B. M. Sloomala
Ermelo, W. Galela.
Johannesburg, Christian Literature Depot.
" Jeppe'stown, Miss E. East.
" Braamfontein, J. Mota.
New Clare, Jno. S. Hlabi.
Pretoria, A. N. Mahlangu.
Germiston, Thomas Msimang.
Roodepoort, Sampson Sitisi.
Brakpan, J. M. Shibe.
Barberton, Barnes Myiseli.
or t Elizabeth, P. O. Box 400 James Boag.
Rhodesia, Plum Tree, S. L. Kupa.

QONDANI EMATSHENI

Ku'

KLEMENS, Umlungisi Umkandi WeziNkatali.

Indawo engcono yokulungisa iziNkatali. Ngisho lufe kanjani, luyavuka ngokushesha noma selwahlula abaningi. Woza kimi luzovuka lube lusha, lukale kahle futi njengokutanda kwako. Noma inhlobo enjani. Futi ngitengisa ngezimpahlana ezincane, zonke izinhlotshana ungazitola kimi.

Qondani, Ematsheni ku
K. L. N. SYESH.
Auto-Harp Repairs,
Native Market,
Victoria Street, Durban.

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umaqotula) uqiniseke ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vinkili uma engenaye UMAQOTULA ngitumelepi igama lake bese'ngiutumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD,
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

Kwa Mfundisi.

Eduze nakwa MNYAMANA,
111 a FIELD STREET
DURBAN.

Isitolo esinamandhla kakulu impela sanelisa wonke umuntu, wesilisa nowesifazane. Noma izinto zipakeme nje ake nizozibonela. Nohamba nidelile. Sitengisa ngezibalala, amasholo os'Embatwangapi, amabhayi, iziNtshodo amaRhwada, amajazi, namabhantshi osekuke kwagqokwa. izijalimani ngemibala yonke, amaPlinti amahle noKetshimiya, noSetini, noNtolibhantsh, abatsha, amashidi, namakwiliti emibhede, izitsha zokudhlela namabhodwe, zonke izinhlobo zamabhokisi.

Wozani nizotata inhlanhla, ngokuqala nihlole kwaMFUNDISI.

Ezase Mgu'ndhlovana.

(Ngu MAKIPA.)

Saubona Mhleli nabacindezeli. Kade nami ngagcina ukunibhalela ngezalapa emaBhunwini. Hai asipete kalukuni. Kwasa nje sidhliwa izinkomo zeze nje.

o o o

Siyajabula lapa ukubona uMntwana uDavid kaDinuzulu esapila. Ubeseya ekaya evela eTransvaal. Hai 'ngokufa' kwenkabi yake emnyama yehashi hamba incamise amaBhunu.

o o o

Ngitunywe nguChief Qomintaba Kumalo ukuba ngazise izwe ukuti yena nabantu bake sebetele imali engango £23 11s. 6d. Lemali ifunwa uTulasizwe uSolomon kaDinuzulu. Izohanjiswa iye kuye ngalo lelisonto nje. Futi uti uKumalo zingase zivele njalo izinsalela. Siyabonga sonke Mtungwa. Ngiyabhala njalo epepeni ukuba kube umzekelo kwamanye ama kosi.

o o o

Icala leBhunu eladubula intombazana esebenza kulo ngengozi, ummeli wakwaHulumeni walile ukulamukela lapela. Hau, kepa ngiyayidabukela lengane ngoba uhlwayi lugcwele wonke umzimba namehlo awasenamkuba neze.

o o o

Isulu lomise into engandile nonyaka nezimpahla ziyafa ngenxa yokubalela.

o o o

Uyadhlala umuntu oti abantu bangahlangana! Ngitole isimanga omunye lapa emangalela omunye efuna ukuba acitwe emsebenzini ngamacebo ngoba eti uyatandwa. Kute lapo indaba seyi penywa kwafinyaniseka ukuti amanga okubunjwa nje (Deliberate, false allegation) Lapoke isikuni sabuya uomkwezeli. Bhasobha abelungu wena nkunzi". Azipicwa luto izinkonjane ezakela ngodaka ezabonwa uShaka bo. Futi icala elibi ukwapuca omu nye isinkwa sake.

o o o

Bekukade kukona umdhlalo omkulu lapa wabaMhlope ngeHolide lomvulo Bekudhlalelwa enkundhleni engase Nkantolo. Kwakuti opumelele anikwe umklomelo (present). Lomdhlalo wa umenywe inkosikazi yeMantshi uMajor Robertson. Lendoda seyenze umsebenzi opambili kanti isanda kufika nje. Futi siyabonga nkosi ngoba nasemaca leni uhamba ngomteto hai ngebala. Kuhle loko.

Ezase Harts Hill.

Avukile amasela manje, kade sisalile la umfo waseIndia ngo£30 wake omuke esebhokisini lake. Sokuti kusenjalo sekusa ngelinye ilanga kukamisile eOffice laseFactory nefa selingaseko. Nalo kalaziwa ukuti lidhliwe inja iyinyama yini. Kuyabonakala ukuti limuke nomdala uKadubona, ngoba isimanga umnyango wauvulwe ngento etile, nesisefo savulwa ngento eyasivulasasala sikamisile nje. Kungati uSata ne usezifundisela yena manje akasatu mi nangilosi leyo. Kusobala nje uku ti sekufundissa yena emhlabeni. Aba kamfumani. Sobuye sixoxe. Zisamtu ngata.

Isimemezelo.

Iziqiti zami ekade zimenyezelwa lapa epepeni ukuti ziyatengisa kade kusakambe ukwenza iPlan. Selilungile ke namhla. Bonke abase betele imali mabeze bazobona iziqiti zabo sezinama Number. Obengakezi masheshise alete imali ngoba seziti azisobele.

E. M. CELE.
Ohlange, Phoenix.

LEMITI IXUBE IMITI YEMITI EGAZINI 1 AMAPILLS.

Ukudhla kwe gazi, nemitambo, ne misipa kuwo wonke umzimba. Ani keza igazi elibomvu elinotile, futi aleta amandhla kwababutaka, ngu 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA KIDNEY BEANS

Lawa ngumlungisi nomhlanzi we mvelo, ahlanza izintso. Zonke izifo zeSinye neZintso.

REVIVA LIVER PETELLS.

Lo usheshisa ukupilisa isisu esonakele nesibindi esingasebenzi kahle—1s. 6d. ngebokisana.

Lemiti enosizakalo emakayeni ifanele uba ibe kuwo onke amakaya.

Ingu 1s. 6d. ngebokisi, kubo bonke abatengisa ngemiti. Nxa unzenaku yitola lapo ukona, bhala ondise kitzna, ufake imali sokutumela ama pills ngokushesha. Iposi ikokelwa yiti 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA MEDICINE CO.,
Dpt Y. No.1. Burg Street, Cape Town

AmaHlubi

(Ngu M. M. FUZE)

Lapo, mina ngi kumbula indaba endala engayizwa kwa baka Matshana, oMpupuma no Mpungutshe, aba yi zihlobo, ababezinge behambela ku baba ngise umfanyana, yokuti uMatshana wadutshulwa ngesibhamu esifutshanyana ugu Mr. John Shepstone, ngenxa yokuba uMatshana wabe enecala lokubulala umuntu ongu mtakati.

Isahluko X..

UKUNGENA kukaSOBANTU KULEYO NDABA kaLANGALIBALELE.

Hau! wetukake uSobantu uba ezwe lama'zwi ami kwabe kwakute uba abekwe ngu Kwini ngo 1853 wawela weza kulihlola, enzel'ukuba ababone bonke abantu azakuba ngu Bishop wabo lapa eNatal, walizungeza lonke, wambona noLangalibalele noPutini noZikali noTimuni kanye nabanye wati esepindela petsheya wabe esebuya nesicoco sika Mqundane (Capt. Jantje) eyakutsheniza abakubo umkuba owenziwa ngabantu uma sebe amadoda. Ute-ke uba akuzwe loko okwenziwa ngu Mr. John Shepstone ku Matshana, wangenwa ngumunyu omkulu, watsho nangomlomo wati, Ngiyamkumbula uLangalibalele, ngiyamdabukela uma ngizwa kutiwa uzakuyiswa "eRobben Island, ayohlala kuleso siqingana esise Capetown, lapa kwakuhlezi uMaqoma, ahlale kona aze afe."

Yileso-ke, isiqaliso sokuba angene kule'ndaba ebuhlungu yokuciteka kwezwe laseme Hlotshini. Kwati lokn wabe'tandana noSomtseu bahlukene ugamakanda ku ukupela, bahlukana, watsho nangomlomo wati "uSomtseu lo kanti ngimtemba kangaka nje, ngicabanga ngiti usiza abantu, kanti nguye omi ngakubelungu ebulala abantu!" Yatsha njalo-ke indaba kaLangalibalele, ehliswa ngemihla etile kuzotetwa icala lake.

Kuhambe kwahamba nembala lagcina ngokutetwa, wanqunyelwa ukuya kuhlala kuso leso siqingi saseRobben Island esisecaleni kwomuzi waseCapetown; yena, nenkosikazi yake ibenye, nendodana yake uMalambule.

Yavuka-ke kaloku Indhlondhlo e'mehlo mane yas'Ekukanyeni, ibuzela uLangalibalele, obulawelwa ize engonanga luto. Wo! watukutela impela uSomtseu waze wagcina ngokungenwa ukugula. Kepa uDr. Gordon wala wati qa! kaguli njengoba simbona, utukutele. Kepa wabe lapo uSobantu esegqunqile esependuke mbala mumbe. Wamelapa uDr. Gordon waza wasinda. Latsha-ke icala.

Nizwile nginilandisile kambe ukuti uMahoiza, mhla etunywa emaHlutshini, wapelezelwa ngabantu abatile. Pakati kwalaba kwakukona ababili ababe ngabas'Ekukanyeni, engivama ukubabona nokukuluma nabo, uNomfihlela wakwa Tshabalala noNdabezimbi wakwa Dnladhla. Kwakute ngolunye usuku uNomfihlela wangixoxela yonke indaba yokuhamba kwabo. Kwati uba ngiyizwe ngayixoxa lapa enkosini uma ngizwa ifunda amazwi akulunywa epepeni kutiwa ngawaka Mahoiza. "Utsho ngani wena Magema," kutsho inkosi kimi, "ukuti amazwi asepepeni akuluma amanga na?" "Nkosi, ngitsho ngoba kutengi bengihlezi noNomfihlela emnyango we Chapl, engixoxela indaba yonke amaHlubi ayenze ku Mahoiza. Ngiyaqinisa impela, nkosi, ngiti konke loku okulotshwe lapa ku amanga odwa."

Uyaqinisa impela ukuti uMahoiza kahlutshulwanga zonke izingubo ezazi semzimbeni, wanquniswa bwe, wahlala ese isidindili nje na?" "Nkosi" kupendula uMagema, "ngamazwi onke engiwezwe ku Nomfihlela, ngiyaqinisa ngiti law'amazwi alotshwe epepeni angamanga." Hamba-ke sekutsho uSobantu; "makuze kuti ngomso utume umfana ayokubizela uNomfihlela ekaya kubo; ube se utata ipepa, uhlale naye ninobabili, uwalobe onke amazwi awa kulumayo kuwe, kona kwoti inxa seuwaqedile uwalete lapa kimi, ngibone."

Seku ukupela-ke njalo. Ngatumela ngaya kumbiza uNomfihlela. Wayisusela pantsi yonke indaba yalolo lusuku lokunquniswa kuka Mahoiza, ngayiloba yonke njengokutsho kweNkosi. Ngabuya ngatumela futi ngabiza uNdabezimbi. Ngawaloba onke naye awake sihlezi sobabili eChapel. Wamangala nje uSobantu ukubona amazwi alababantu. Nangoke esuka ehamba ngolunye usuku, kanti useye kukuluma noSomtseu ngawo lawa'mazwi, ngingazi luto mina.

Kwasokutunyelwa kuya kubizwa uNomfihlela njalo noNdabezimbi ukuba baze batike ekuseni, kuyiwe eTawini enkantolo enkulu yezindaba zabantu.

Kute ekuseni ngangomuso kwabotshelwa ikalishi njalo, yangitabate inkosi yangiponsa pezulu kanye nezincwadi ezinamazwi aoNomfihlela noNdabezimbi. Kanti ngihamba ngingazi nje, sekukona amazwi oSomtseu noSobantu asebecupisene ngawo, okuti emva kwoba uSobantu aveze lawamanga kaMahoiza okunquniswa, uSomtseu apendule ngezwi elikulu uSobantu lokuti, "Umuntu opikisa amazwi eNxusa lakomkulu ufanele ukuba abotshwe."

AWUNAWABO.

Ungatungata wonke umhlaba awusoze wawutola omunye umuti olingana nokaChamberlai womoya nokuhlambulula ezifweni zesisu. Awuze ungageja ukunika ikefu. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Isifundo sesikole seSonto

Esesine, Oct. 26.

ISIFUNDO seTEMBA.—Matt. 14: 22-33.

ISITATELO: Ngiyakolwa, siza ukungakolwa kwami. Mk. 9:24

Amanye amavesi aotisha: Mk. 5:22-24, 35-42; Luke 7:18-23.

Eyezingane indaba: Usizo esipepweni. Okunjongiwe: Ukuqondisa lezi zifundo zokutemba ekupileni kwetu.

Shayelela isifundo ngokukuluma ngokuti iningi labantu abahlala ngaselwandhle noma eduze komfula noma isiziba bayawatanda kakulu amanzi bazitokozisa ngokontanta nokubhukuda. UPetro emakabe abafundi babewela isiziba lesi ngesikebhe sake, kucish'uba wahlala emanzini kwasebufaneni bake. Umsebenzi wake wabe ngukuloba nakuso lesisiziba.

Naye uJohane nabanye kubafundi babe ngabalobi bojayele ukufaka isikebhe sabo emanzini noma lipendule nasebusuku. Lingani ukubonisa ukuti amanzi kwenye inkati ayacweba kepa ngezinye umoya uvusa amagagasi ayingozi.

Izingane mazifunde indaba le bese zikipa izihloko zokuti mdhla abafund behlupekile uJesu wafika kubo wabasiza, nokuti uPetro wetemba ukuti uJesu unamandhla okumenza enzise okwake uqobo, ukunyatela emanzini. Kepa walinda waze wati uJesu 'Woza' wese uyalalela njalo. Lapo esagxilise amehlo kuJesu wab'ecabanga ngamandhla kaJesu emetemba, kepa lapo waqalaza ezwa umoya umpepeta kakulu esebona amadhlambi emade wakohlwa uJesu wangenwa ukwesaba nokuzika.

Loku kwamenza wakala kuJesu ngoba waesemetemba bala uJesu wamsindisa. Akusiso isiduduzo kiti inxa kukona isivunguvungu esikulu uma liti mihli imvula, nomoya uvunguza ngamandhla sekumnyama pandhle, ukuba sikumbule ukuti uJesu useduze nati ngomoya wake sibese sikumbula amazwi ake okuti, "Yimani isibindi, yimi."

I. Qopa amaqiniso endaba le. Kwakusemva kwalesosikati lapo uJesu esepe amadoda ayizi 5,000 ukudhla ngapandhle kwesifazane nabantwana, nabantu sebefuna ukubeka uJesu abe yinkosi yabo yomhlaba. Nabo abafundi babe yaujabula kakulu ukuba kanye nalowo mqondo wokwenza loko. Kwabe kuyisilingo esidala sokwamkela imibuso yomhlaba beinikezwa nguSatan kepa uJesu wabamukisa abantu, nabefundi ukuze atole amandhla nokududuzeka ngokukuleka eyedwa noNkulunkulu.

II. Abafundi babewela ulwandhle belalela izwi likaJesu, kepa uJesu waengeko kubo kwati lapo bengasamboni kwaba ngati sebekohliwe amandhla ake amangalisayo nokuti angaye afike kude. Ngako lapo umoya ubashaya ebusweni, kungasavumi ukuba baqubekele pambili betemba ukuti awabo amandhla ukuzuzela abanamandhla okukwenza bat'uba bahluleke bapel'itemba, ngako kwati sekuvela uto abangalwazi luhamba pezu kwamanzi bamemeza ngovalo olukulu. Hai ukuba siyazi ukusisisa okuningi okusetusayo izimvalo zetu zingasheshe zipele. Ngezinye izikati inxa sinesibindi singabona ukuti akuko luto olulimazayo, kodwa tina esazi uJesu sinetemba elingcono. Wazi konke yena nanjengoba wazi ukuti abafundi bahlupekile waya, kubo ukuyaku basiza enawo lawomandhla nanamhla useseduze, kepa sidinga ukumetemba.

III. UPetro wezwa izwi leNkosi yake lokuti, "Yimani isibindi, yimi, musani ukwesaba," wambona enza into eyisimanga enyatela pezu kwamanzi, wakolwa ukuti naye angamupa amandhla okunyatela pezu kwamanzi. E, uPetro waelwazi ulwandhle azi amandhla alo loku kade lubagunyele bonke ubusuku bengasenako nokupumula ngapesheya. Akuqulwa waeke abone, abantu begwinywa amadhlambi alo atukuteleyo kepa yab'ikona iNkosi akolwa yiyona. Watanda ukuz'otula eNkosini uma ingati meze, bala wat'uba uJesu asho ati, woza, wapuma odinini lwesikebhe wapumela emanzini. Makube wezwa amandhla amangalisayo wonke umzimbha lapa enyatela emanzini eugashoni! Makube wagcwala ukujabula ukuba iNkosi yake yabe inamandhla angaka. Auze ungakubona wena loku lapa uJesu ekusiudisile ekulingweni noma ekunika amandhla okumenzela umsebenzi otile omusha noma ukushumayela ngendhlela ekangayo? Kepa ngomzuzwana esiqala ngawo ukulalela ukubatshazwa abantu nokubuka izinkinga sikohlwe ukuti akusiwo amandhla etu kepa aka Jesu, siqala ukushona njengo Petro.

Kodwa ngalowomzuzwana aqala ukushona ngawo uPetro wamemeza uMsizi wake wasindiswa. Nati sinalukulu uma sibiza uMsizi wetu ngoba uhlala eseduze ukusisindisa. Animboni uPetro esebambelele ete ngqi kulesosandhla esisindisayo lapo sebehamba bepindela esikebheni, ukungabaza kwake konke sekupelile! Wanel'ukuba semkunjini uJesu, lwatula ulwandhle, ulwandhle lwatula bonke babona ukuti sebe tole isibusiso ngokuba kona kukaJesu.

Ekuhambeni elwandhle kwabo kuku pila asinakutemba kwawetu amandhla nokuhlakanipa, kepa sibonga uNkulunkulu loku esipa uJesu esingatemba kuyena. Konje singaze singabazeleni?

Kubangwa yigazi elimanzi

Abantu abaningi bati baguliswa yizinso ngoba bezwa kubuhlungu eqolo. Kanti buningi ubuhlungu beqolo obubangwa izinyama esikandhlekileyo nezi gutshwa ukudhla kunokuba kutiwe yini enye. Kwabanjaloke igazi elidinga ukwakiwa.

Abaniugi abantu ababulawa ubuhlungu bemalungu babulawa into engabe ayihlupi uma baka igazi. Inxa umzimba wamalungu (Rheumatism) uxube ne negazi elilula lowomzimba ungeze welashwa uhlale upilile inxa kungate kwakiwa igazi.

AmaPink Pills kaDr. Williams aka igazi, nabaguliswa yiqolo bangabe bayadoda uma belinga lomuti banga zilahli ekupeleni itemba sebeti baguliswa unembe lokufa. Ukupumula no kuzelapa ngamaPink Pills anika ama ndhla ikona kuyoqeda ukukwelwa yiqolo okuningi ngitsho umsimba wama lungu.

Kubantu abasebenza kanzima baze beqise nabasina ngokweqileyo balale ingcosana kuhle bazipate ngokunye bese bezelapa ngamaPink Pills kaDr. Williams kupela okudingekayo uku xosha ubuhlungu nokuqaqanjelwa oku bikezela ukuti uzakuwa pansi. Ungawatola amaPink Pills kaDr. Williams kumkemisi wakini noma kona kwoDr. Williams' Medicine Co., Long Street Cape Town, ngo3s. 3d. ngegabha noma ngasitupa ngo18s. ungakokeli iposi.

Ovuna ilobolo.

Ku Mhleli weLanga laseNatal.

Mngane,—Ake ungipe isikalana nkosi. Ngisuswa abantu laba abatanda uba ni kupele ilobolo noma lincishiswe. Mina ngiti bakiti ningenwe yini loku onga tandi ukulobolisa ngendodakazi yake akalelwa muntu, futi nanka amaZemtiti awalobolisi. Nize nicabange noba senzelwe imiteto ngabantwana betu ingani sitela ngabo, uma singenamali yakwaHulumeni sitengisa ngezinkomo zabo sitele. Futi zisisa abazali ngoku bondhla ngamasi endhlaleni nasekwe mbateni.

Nazo izinsiswa nisibona eTekwini sidhla imali ngomqomboti nakweminye imizi sidhla yona. Amaxegu nezalu kazi bapile nganike nxa sekupele ilobolo? Iyekeni lendaba. Ngikuluma nje awumunye umusi omelwe intombi ngenkomo zayo, loku abanewabo ba dhla imali kupela. Ningapindi niti asenzelwe imiteto ngabantwana betu.

Yimi,
AMOS J. NGCOBO.

Upi uNatal Native Congress?

Ku Mhleli weLanga laseNatal.

Mngane,—Ngifisa ukuba kengibuze ukuti lelibandhla elingapezulu lipi Ngisuswa ngoba ngizwa kute nya kepa izindaba zakona ngibe ngisizwa zimi kabi. Kambe sekubonakele ukuti ku zo zonke izifunda zeNyonyana igatya elingalele iTransvaal Native Congress engikuluma nje sekukona nezintwana eziningi esezesuliwe njengamaPasi abe sifazana nokunye. Ngike ngafunda ku "Star" omunye umlungu eti, kungani ukuba umteto wamantombazana abantu alapa eTransvaal ungafani nowase Durban lapo amantombazana akona epata ipasi? Lowo mlungu ufuna ukwenza izipiti uma esho njalo kanti empeleni silindele ukuba kupele elabe silisa ipasi ngoba iTransvaal isimisele ukulwa nomteto wepasi.

Ake niswe iMantshi yaseCamperdown iti kuhle ukuba wonke omnyama apate ipasi. Isho ngoba ingakasi ngo bunzima bwepasi. Kuhle uNatal Native Congress avikele isifazane sakiti ekuhlaziswenі yipasi. Kungumsebenzi wake ukubhekela abesifazane bakiti kulelicilo lepasi, kanti futi nakubalisa kufanele lipele. Ngakoke uN. N. Congress alwe nomteto wepasi ahlangabe ze lamazwi eMantshi yaseCamperdown okukanye abikele uPrince Solomon kaDinuzulu njengoba asho wati izikalo ezisihlupayo maziqondiswe kuye ziha mbe ngesandhla sake. Kungaba uku hlakanipa ukuzotula kuye azidhlulise njengoba washo. Kuhle abelungu bazi ukuti tina bantu soniwa yipasi. Lenza isilonda esibi enhliziyweni yomuntu ngoba umlungu ukunika lona ubone ukuti uyisigqili sake. Ngako nginxusa uN. N. Congress ukuba apapame e u tongweni.

NgamaNxusa aseNatal nakwaZulu kute nya, asazi ukuti yini singasatshelwa njena. Kambe ipepa kupela "Ilanga" elizwakalayo inhlangano pinde. Bapi oF. M. Xulu noMr. Nkwanyana "abanye?

Futi kukona umsebenzi omkulu nga maNxusa apesheya okufanele onke amagatya akaCongress aqoqe izimali ukuze umsebenzi wabo uhambe kahle pesheya. Nani befundisi ezindhlini zamasonto elinye iSonto ake nilipe amaNxusa nicele iminikelo eqondene nesikwama samaNxusa ngoba isimanga lesi njengoba sizwa inkulumo kaMr. Lloyd George eti kanaswi angalibeka use wokuluma koHertzog. Kepa aba kiti bacela inkululeko ayi ukupuma pansi komteto wamaNgisi. Akuko okufunwa itina ilungelo kupela pansi kwombuso osipeteyo.

G. J. NDABEZITA.
Johannesburg.

Zam-Buk
UNEQUALLED FOR
CUTS
BRUISES
ECZEMA
ULCERS
CHAPS &c.
No matter how trivial is your cut or scratch, the safest treatment is to wash the injury and immediately dress it with soothing Zam-Buk. Zam-Buk is a unique preparation of herbal extracts which are combined in a way that produces unequalled Healing, Soothing, Antiseptic powers.

Ezase Mbabane

(Ngu MBABANE.)

Lomise kabi-kuleli, imvula seloku yagcinwa ekwindhla kuze kube namhla nje (7 10 19) pinde kayaziwa imvula kanti kulapo nendhlala nayo seloku kwaba ngeyanyakenye ngo 1918.

o o o

NgeSonto 5 10 19 bekungenkulu "iNgobhonco" yemvula kuhlangene imizi emitatu yamaWeseli. Ai mangiti imizi emine lenake: Embabane, Kilkeel, Nellie Valley kanye neAnnieville, ka nyeke nabakelwana bama Weseli oUnited Free Church of Scotland no Z. C. Church.

o o o

Abapati balenkonzo yeNgobhoco yemvula kube ngo Messrs. Dube, no Naphatali Dhlamini. Owokuqala ama zwi wawacapuna eNcwadini yama Kosi yokuqala XVIII verse 36 & 37 owesibili Jeremia XIV: 21 & 22.

o o o

Ukoma sekuyingozi kakulu ezimpahle ni ezinkomeni kakulu kanye nasemaha shini kulapo neDipu ingokunye 'ukufa' ezinkomeni njengoba sezonde kangaka nje. Akuselulaka nasekadeni kwabanye abanumzana ngoba kunjalonje kukona namaBhunu akotisa ngezimvu kwamanye amapulazi kulapo kome kangaka. Isiklabhu ziyabaleka zingene kwamanye amapulazi zilutinteke ulaka kubani ni balawo mapulazi.

o o o

Kutike kona kuse Nellie Valley kube ngokunye nje, bati abakelene nayo kukona umnumzane wakona ongahlo nipi 'mlungu' ukuba iziklabhu zake zike zangena nje eNellie Valley. Kutiwa amaBhunu akohlwa nje ukuba angemenzenjani akazi nokwazi loku. Kepa angaze akwenze bo iziklabhu ziyazi bhubhisa izinkomo zetu!

o o o

Bayahlupeka abantu ngokomisa loku kwesulu awaseko amanzi izwe lase Mbabane liyababa ngamanzi madoda! Bahlutshwa amanzi zmaDipu bahlutshwa awokupuzisa izimpahla zabo konke kuyababa ra.

Un on

OSOLA ILOAN CERTIFICATES.

Ku Mhleli weLanga.

Mhleli otandekayo,— Ngivumele ngiyacela ihalana kwelako lodumo. Ngibona epepeni lika 3rd ngalendaba: "Ukuboleka uHulumeni imali" ukuba umuntu uyotenga lelopepa ngo 15/6 ukuba umuntu aligcine iminyaka emi hlanu ukuze kuti atole 4s 6d ngeminya ka emihlanu UHulumeni lo wenziwa ukuba yena engafi ngokuba uyazi ukuti tina siyafa ngokuba yena ufa ngalelo langa kuyasa kusasa usevukile. Uze asicabangele into ejulile kangaka ngo kuba yena usenetemba lokuti siseyiz ula. Iti Inyoni eyabona ezinye zingen esitiyweni yati, 'Nkombose kababa okwe zinyoni kweziula mina angizange ngibo ne itshe limi ngoti! Nami ngenza umze keliso kwabakiti ngokuba ngiyetemba ukuti siyafa. Ufuna ukukitiza imali'

Yimi,
M. B. K.
ohannesburg.

NGOKULIMA.

(Ngu Fr. B. HUSS)

Uma umquba oqoqwe egcekeni ubekwe wayinqwaba isikati eside uyabola ubile. Loku kubila kubangwa ukukula ko'Bacteri' abanembewu encinyane eyiloku ipepuka emoyeni. Uma bewe la entweni etambileyo ebolayo baqala ukukula bande kakulu. Basizwa iOxygen esemoyeni ukuba bahlakaze umquba bahlukanise zonke izinto eziku wo. Kuloku kwenza njengasekubili sweni konke ukushisa kuyanda.

Uma umquba uhlala uswakeme ungafudumali kakulu, izinto ezisebenza njengokudhla kwezilimo zihlala kuleyo nqwaba. Uma inqwaba yomquba inga pandhle iswakanyiswa imvula namanzi angcolile amelwe ukuba abe yiloku etelwa kuwo. Uma woma kakulu, ushise kakulu, izinto eziningi eziswele kile zimuka nomoya zingumoya onepu nga elinamandhla elibi (iCarbonate of Ammonia) kulahleke iNitrogen eningi ngaloko. Futi uma inqwaba yomquba iba manzi kakulu, amanzi ayabaleka; njengoba ezinye zezinto ezidingeka kakulu zomquba zincibilika kalula emanzini, amukisa iNitrogen eningi. Ngaloko ke abalimi baseEurope baba mbisa amanzi anjalo bawangenise etangini noma kwenye into enjalo bawutute lomquba omanzi onamandhla oshesha usebenze kunawo wonke omu nye bawuyise emasimini abo noma bawutele futi enqwabeni. Ngaloko sibeka utshani pezu kwenqwaba yetu yomquba, obona bumunca amanzi buwavimbele angabaleki.

Uma umquba ufuneka ukuba ushe shubile, umelwe ukuba upendulwe ngezinye izikati ungenwe umoya, ngoba uma kwenziwa kanjalo iOxygen ingena endaweni zonke isebenze ngokushesha kakulu, kufana nokuhlokoza umlilo ol wenza ukuba umlilo uvute ngoba kungeniswa iOxygen eningi.

Umteto ovamile wokufaka umquba owokuba umquba obole kahle ufakwe emhlabatini olula, otambile, oyisihlaba umquba omusha ufakwe emhlabatini olibumba, osindayo. Emhlabatini olula uswele ukuba ufakwe ngapambi kwo kuba usweleke, emhlabatini osindayo ufakwe kuseyisikati ingakatshalwa imbeu Umquba uyahlakazwe u'inywe ushoniswe pansi emasimini Uma sitshala amadumbe noma amazambane senze njet engadini elungiselwe ukutshalwa imbeu kudwetshwa imidwa umfana umba imigodi ngegeja ibe ngangamaintshi amane ubude, omunye alandele nebhakede lomquba o nyama obole kahle awuke ngesandhla awutele emgodini, owesitatu ufaka izambane owesine agqibe umgodi ngegeja.

Umquba oqoqwa egcekeni unezinto osiza ngazo nezici ezilahlekelisayo. Izinto osiza ngazo yilezi:

1. Unazo zonke izinto eziswelwa yisilimo
2. Awubizi luto utolakala kalula emapandhleni.
3. Unompumela ongasheshi ukupela ngoba insizo etolakala ngawo ayipeli ngomnyaka owodwa, kodwa inompume la ohlala iminyaka emininganga ngase mva.
4. Ulungisa umhlabati ngokuhlanga nisa umhlabati olula utambise umhlaba ti olukuni;

Uyamunca ubambe umswakema.

Izici ezilahlekisayo zawo nazi:

1. Uyasinda kakulu ngaloko ke uno msebenzi omkulu;
2. Ucumisa ukula kakulu. Kodwa uma lolukula lulindwa lushoniswe emhlabatini lungakabi nembewu inani lomquba lopindwa kabili.

Mariannhill.

Obonga umuti wakwa-Lacombe.

Melapi,
Frank Lord Dawber:-

Mngani Otandekayo,— Ngiyajabula kakulu namhla ukuba namandhla oku bonga imiti yonke yako engisizileyo impela bengisebutakatakeni obunzima esifweni ebesingikataza ngalinga iSpecial Mixture Kofukofu. Au bakiti ngizwa sengingumuntu nami . No wezinwele ngangigenazo ngigula eSwazini zapuka ngase ngifana nomntwana ngalingaa magabha atile namuhla ziye sabeka ngiyaziqenya ngekanda lami. Owesifuba futi ngake ngafunela isihlo bo sami namhla lowomhlobo usepilile kahle akasa kohleli neze. Ngiyabonga kakulu Dotela imiti yako iNkosi ikupe amanye amandhla futi.

Yimina obongayo,
VIOLET MLANSON.
Galiweni M. S.
P. O. uBombo,
North Zululand.

UKUGULISWA YISISU KUBANTWANA.

Ngezinyanga zasehlobo abantwana bavama ukwonakala izis ukuhle bebobhekisiswa. Makunele kubonwe nje ukuhlambulula okungesiko kwemvelo apuziswe okaChamberlain womoya nokuhlambulula. Utengiswa yibo bonke abatengisi.